

ISIFO SOFUBA


IZIVIVINYO ZOMGOMO NOCWANINGO
OLUHLOLELWA KUBANTU

Funda
kabanzi
ngaphakathi

iavi

ISINGENISO

Sawubona, igama lami uWilliam. Uma kukhona umbuzo onawo ngesifo sofuba noma i-TB, okuyindlela evame ukubizwa ngayo, izivivinyo zomgomo noma ucwaningo oluhlolwelwa kubantu, ungavele ubuze mina. Ngilapha ukuze ngikusize uma kukhona okudingayo.



Ngiyabonga, William. Ngizwe ngalesi sivivinyo socwaningo lomgomo wokusiza ukuvikela i-TB ohlolelwa kubantu. Ngifisa ukwazi kabanzi ngokwenzekayo ocwaningweni lwe-TB kanye nezivivinyo.




Kulungile, ngizokutshela kabanzi! Izivivinyo zocwaningo lomgomo we-TB ohlolelwa kubantu zisiza ukuqoqa ucwaningo ngemigomo emisha yokuvikela i-TB.




Yinye kuphela indlela yokwakhiwa komgomo omusha, wukuthi uhlolwe kubantu.



Ngaleyo ndlela, singalandelela ukuthi imizimba yabantu iba njani emuva kokugonywa, nokuthi ingabavikela kanjani noma ihluleka kanjani ukuvikela abantu kumabhakthirya e-TB.




Le yindlela esihlola ngayo imigomo ukubona ukuthi iphephile na nokuthi iyasebenza na.



Ngakho njengoba ubona, singakwazi ukuthola umgomo omusha nongcono uma abantu bezimisele ngokubamba iqhaza kulezi zivivinyo.



Yilungelo labo lokuzikhethela futhi yibo abathatha isinqumo sokuthi bathanda ukujoyina noma ukungajoyini.




Kwakhule, impela nenza umsebenzi obalulekile lapha. Ngiyazi ukuthi i-TB iyisifo esibi kakhulu. Ngingajabula uma inganqandwa.

Yebo, nami futhi!



I-TB iyisifo esibangelwa ibhakhirya esabalala isuka kumuntu onesifo, iya kwabanye abantu.



I-TB isabalala ngomoya nganoma okuphi kokulandelayo:

ahem-ahem.....a-chooo.....bla-bla-bla.....ptooie.....tra-la-la-la-la



Ukukhwehela




Ukuthimula



Ukukhuluma



Ukufela amathe



Ukucula

I-TB iyinkinga emhlabeni jikelele.




Kwamanye amazwe, njengelethu, i-TB iyinkinga enkulu kakhulu.





I-TB ibulala abantu abaningi ngaphezu kwazo zonke ezinye izifo ezithathelanayo emhlabeni, futhi izigidi zabantu ziguliswa i-TB minyaka yonke.







Sifuna ukumisa ukuthi kube nabanye abantu abangenwa isifo se-TB, futhi yingakho senza ucwaningo nezivivinyo zocwaningo oluhlolelwa kubantu.



Senza ucwaningo futhi sihlola imigomo emisha yokusiza ukuze abantu bangatheleleki nge-TB futhi kumiswe ukugula kubona.







Ezivivinyweni zocwaningo oluhlolelwa kubantu, sihlola imigomo emisha ukubona ukuthi izobasiza na abantu ukuze bangasangenwa i-TB.




Uma singathola umgomo osebenzayo, izigidi zabantu zingavikeleka kwi-TB.



Kuyamangalisa lokho! Ngubani ovame ukubamba iqhaza kulezi zivivinyo?



Empeleni, isivivinyo ngasinye siyehluka kancane. Ngoba sisazama imigomo emisha, kudingeka ukuthi siyihlole kubantu abahlukene abaningi.




Ngenye inkathi sidinga abantu abake baba ne-TB phambilini.



Ngenye inkathi sidinga abantu abangakaze babe ne-TB.



Ezinye izivivinyo zidinga abantu okungenzeka babe ne-HIV.



Ezinye izivivinyo zidinga abantu okungenzeka bangabi ne-HIV.



Abanye bancane ngokweminyaka.



Abanye badala.

Kodwa uma umuntu ejoyina, yisinqumo sakhe, futhi uma ekwenza emuva kokuchazelwa ngokugcwele ngesivivinyo kanye nenqubo futhi eqonda ukuthi kusho ukuthini ukubamba iqhaza. Angakwazi futhi ukuphuma esivivinyweni noma kunini.



Kulungile. Zenzelwa kuphi lezi zivivinyo?

Lezi zivivinyo zenziwa emhlabeni wonke!



Kodwa kubaluleke kakhulu ukuthi lezi zivivinyo zenziwe ezindaweni ezine-TB eningi, njengalapha, emphakathini wethu.



Yiyona ndawo efanele kakhulu yokuthola ukuthi umgomo uphephile na kanye nokuthi uyasebenza na.




Uma sishesha ukuthola umgomo omusha osebenzayo, sizoshesha ukunqanda i-TB ekuguliseni izigidi zabantu emhlabeni wonke!



Ngingathanda kakhulu ukusiza! Ngingakujabulela kakhulu ukuba yingxeny yocwaningo oluthola umgomo omusha wokuvikela i-TB! Isivivinyo esinjengalesi sithatha isikhathi esingakanani?



X



Uma umuntu ebhalisela ukubamba iqhaza esivivinyweni socwaningo oluhlolelwa kubantu, akazukusiza ucwaningo kuphela ukuze kutholakale umgomo omusha, kodwa kunamathuba okusiza umhlaba wonke!



Kodwa, izivivinyo zomgomo zingase zibukeke sengathi zithatha isikhathi eside.



Ngoba i-TB ingase ithathe isikhathi eside ukuze ikugulise, kumele sibheke isimo sakho sempilo ngesikhathi sesivivinyo, ukubona ukuthi uyagula noma ayikugulisi.



Kubaluleke kakhulu ukuthi uma sewuqala isivivinyo socwaningo oluhlolelwa kubantu uzimisele ukubamba iqhaza luze luphele lonke lolu cwanningo. Lokhu kusiza ukuveza ukuthi umgomo ungakuvikela ekutholeni i-TB isikhathi eside.





Mmm, kuzoletha inzuzo ekugcineni, yize kuzothatha isikhathi eside.



Iqiniso! Kukhona nezinye izinzuzo zempilo ngokubamba iqhaza ocwaningweni oluhlolelwa kubantu.





Uthola ulwazi ngesimo sakho sempilo okungakusiza ukuze uzinakekele kangcono.







Kubalulekile ukwazi ukuthi umgomo we-TB ngokwawo angeke ukuthelele nge-TB noma i-HIV.



Kodwa noma ugonywa, usasengcupheni yokutheleleka nge-bhakthiriya ebanga i-TB, ukuthola isifo se-TB, noma ukutheleleka nge-HIV emhlabeni ophila kuwo.



Ngakho kumele uhlale uphephile futhi uyinakekele impilo yakho.



Kuzwakala kahle lokho. Kodwa kuzodingeka ukuthi uthathe igazi lami?


Ukuze ube sesivivinyweni somgomo we-TB, kumele kube negazi lakho esilidonsayo.



Silisebenzisela ukuthola ukuthi ungakwazi na ukujoyina isivivinyo.



Siphinde silisebenzisele ukuhlola ukuthi uphilile na.




Sizophinde sisebenzise igazi lakho ukufunda kabanzi ngemigomo nokuthi umzimba wenza njani lapho ugonywa.





Igazi elizothathwa lizoba ngelingaka. Amashubhu ambalwa, azogcina igazi elilingana nethisphuni eshubhini ngalinye. Lokhu kungehluka ezivivinyweni ezahlukene.



Umzimba wakho uzolibuyisela igazi ngokwalo emzimbeni ezinsukwini ezimbili.




Ocwaningweni oluningi ungase ucelwe ukuthi uzinikele ukuthi kugcinwe isampula legazi lakho ukuze lihlolwe ngomuso.




Ngaleyo ndlela, sifunda kabanzi nge-TB kanye nemigomo ukuze kusizakale izizukulwane zangomuso.


Ukwakha umgomo we-TB omusha kuwumsebenzi omkhulu kakhulu futhi kuncike ekusebenzisaneni.





Angeke sikwazi ukwenza lo msebenzi ngaphandle kwabantu abazimisele ukubamba iqhaza, kanye nokwesekwa wumphakathi.



Manje sengiyabona ukuthi kungani kubalulekile ukwenza ucwango, nokusiza nganoma eyiphi indlela engingasiza ngayo. Noma ngabe ngingeke ngibambe iqhaza kunoma esiphi isivivinyo, ngizobeseka abantu abalibambayo iqhaza, futhi ngibazise abantu ngemigomo nezivivinyo zocwango oluhlolelwa kubantu okungenzeka ukuthi ngelinye ilanga kunqande i-TB.



I-TB ibulala abantu abaningi unyaka nonyaka, kodwa i-TB inganqandwa.



Ukwakha imigomo ye-TB emisha kuyindlela ebalulekile yokufeza lowo mgomo. Imigomo ehloliwe ezivivinyweni zocwango oluhlolelwa kubantu ingase ibaluleke kakhulu esimweni sempilo sabantu emhlabeni jikelele, okuzosisiza sifunde kabanzi nge-TB kanye nendlela yokuyivikela.



Masisebenzisane sonke ukunqanda i-TB, ukuze siphephe futhi siphile sonke!



IAVI's mission is to translate scientific discoveries into affordable, globally accessible public health solutions.